

Need an amazing tutor?

www.teachme2.com/matric



Collected and collated by

teachme2



basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

NATIONAL SENIOR CERTIFICATE

IBANGA LE-12

ISIZULU ULIMI LWASEKHAYA (HL)

IPHEPHA LESITHATHU (P3)

NOVEMBA 2018

AMAMAKI: 100

ISIKHATHI: Amahora ama-2½

Leli phepha linamakhasi ayisi-5.

IMIYALELO KWABAHLOLWAYO

1. Leli phepha lehlukaniswe IZIQEPHU EZIMBILI:

ISIQEPHU A: Indaba (50)

ISIQEPHU B: Imibhalo emide edlulisa imiyalezo (2 x 25) (50)

QAPHELA: Abahlolwayo balindeleke ukuba baphendule imibuzo EMIBILI ESIQESHINI B.

2. Phendula umbuzo OWODWA ESIQESHINI A, NEMIBILI ESIQESHINI B.
3. Bhala usebenzise ulimi ohlolwa ngalo.
4. Qalisa ISIQEPHU NGASINYE ekhasini ELISHA.
5. Bhala ukhombise amalungiselelo (isib. Asabulwembu/awumdwebo/ayifloshadi/amaphuzu asemqoka), lungisa amaphutha uphinde ufundisise umsebenzi wakho. Amalungiselelo mawabhalwe ngaphambi kwempendulo.
6. Amalungiselelo owabhalile kumele abonakale. Uyayalwa ukuba lawo malungiselelo uwakhansele ngokudweba umugqa ovundlile ekhasini.
7. Uyayalwa ukuba usebenzise isikhathi sokubhala ngale ndlela elandelayo:
- ISIQEPHU A: Amaminithi angama-80
- ISIQEPHU B: Amaminithi angama-70 (2 x 35)
8. Ungaziguquli izinombolo zemibuzo. Zibhale njengoba zibhaliwe ephepheni lemibuzo.
9. Nikeza impendulo yakho isihloko esiyifanele. Amagama esihloko awabalwa, kubalwa amagama empendulo kuphela.
10. Qaphelisisa upelomagama kanye nokwakheka kwemisho.
11. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.

ISIQEPHU A: INDABA**UMBUZO 1**

Khetha isihloko ESISODWA kwezilandelayo ubhale ngaso indaba ibe ngamagama angama-340 kuya kwangama-390.

Bhala inombolo kanye nesihloko sendaba yakho.

1.1 Ucilo Uzishaye Endukwini. [50]

1.2 Usuku Olwandulela Olokuphuma Kwemiphumela Kamatikuletshe. [50]

1.3 Kwakungelula. [50]

1.4 Umnotho Usenhlabathini.

Uyavumelana noma uyaphikisana nalesi sitatimende? [50]


1.5 Imfashini Esikhathini Samanje. [50]

1.6 Izithombe ezilandelayo ezisekhasini lesi-3 kuya kwelesi-4 zichukuluza imizwa kanye nemicabango.

Khetha isithombe ESISODWA ubhale ngaso indaba. Bhala inombolo yombuzo wesithombe osikhethile bese uyinika isihloko indaba yakho.

QAPHELA: Indaba yakho mayibe nobudlelwane nesithombe osikhethile.

1.6.1



[Sicashunwe ku-inthanethi]

[50]


1.6.2



[Sicashunwe ku-inthanethi]

[50]

1.6.3



[Sithathwe ku-www.google-pic.com]

[50]

AMAMAKI ESIQEPHU A:

50

ISIQEPHU B: IMIBHALO EMIDE EDLULISA IMIYALEZO**UMBUZO 2**

- Phendula imibuzo EMIBILI kulesi siqephu.
- Bhala ngamagama ayi-100 kuya kwayi-120 umbhalo ngamunye.

2.1 INCWADI YOBUNGANI

Isikole ofunda kuso kulo nyaka sihlele umcimbi wokuvalalisa abafundi abafunda uMatikuletsheni. Nivunyelwe ukuba nizikhethela abantu abazoniphelezela kulo mcimbi.

Bhala incwadi ucele umngani wakho ukuba akuphelezele ukuya kulo mcimbi.

[25]**2.2 UMLANDO KAMUFI**

Umalume wakho obesebenza eMkhosini weZempi wakuleli unishiye ngokukhulu ukuzuma ngenkathi edubuleka emngceleni.

Bhala umlando kamufi ozofundwa ngosuku azofihlwa ngalo.

[25]**2.3 I-AJENDA NAMAMINITHI OMHLANGANO**

UMasipala wangakini ububambe umhlangano kanye nesigungu sentsha kudingidwa izindlela zokucija amakhono abantu abasha ukuze bazibambe umnotho ngokwabo.

Bhala i-ajenda namaminithi alowo mhlangano.

[25]**2.4 INKULUMO ELUNGISELELWE**

Umkhulu wakho ukucelile ukuba umelekelele ekubhaleni inkulumo azoyethula emhlanganweni wozalo lwabantu besibongo sakini, nenihlobana nabo ngokwezithakazelo, ngenhloso yokuvuselela ubuhlobo nokwazana.

Bhala inkulumo elungiselelwe ezokwethulwa ngumkhulu kulo mhlangano.

[25]**2.5 I-INTHAVYU**

Isikole senu sidle umhlanganiso emqhudelwaneni wenkulumompikiswano ebiphakathi kwaso kanye ne-Education High School. Isiteshi somsakazo womphakathi sibe sesihlela i-inthavyu noThishanhloko wesikole sakho.

Bhala i-inthavyu ebiphakathi kukaThishanhloko wenu kanye nomsakazi.

[25]**2.6 INCWADI YOMSEBENZI**

Uthathiwe esikhungweni semfundo ephakeme ukuba uyoqala ukufunda khona ngonyaka ozayo. Bhalela uMqondisi weMandela Foundation, Private Bag X 7000, Houghton, 2041, ucele uxhaso ukuze akwelekelele ekukhokheleni izifundo zakho.

[25]

AMAMAKI ESIQEPHU B:
AMAMAKI ESEWONKE:

50
100